

## Stories and science

Did you know that when children read stories it helps them develop ways of thinking that are important for success in science? To be a scientist, you need to be able to ask "what if" questions, make informed guesses and then test these guesses. Children need lots of opportunities to develop this kind of thinking – and stories provide these opportunities.

**DRAWING CONCLUSIONS.** Think about the stories you've read recently. How much of what you got from the story was given to you directly? Often stories give you clues rather than telling you something directly. For example, when you read, "Dan yawned and rubbed his eyes", you draw the conclusion that Dan must have been feeling tired. You do this by using the clues from the story and what you already know about "real life" – although you probably don't even realise you're doing it! Help your children develop their ability to think in this way by commenting and asking questions as you read stories together. For example, say, "I think he's tired. Do you think so too? How can you tell?"

**PREDICTING.** Every time you ask your children, "What do you think will happen next?" as you read aloud, you encourage them to use what they have already read and what they know, to predict what is still to come in the story. Learning to make fairly accurate predictions is an important part of being a successful reader. It's also an important science skill! Scientists predict what they think will happen when they test a theory they have developed.

**SEQUENCING.** In stories, there is a specific order in which things occur: first Goldilocks goes into the bears' house, then she tries their porridge, then she tries sitting on their chairs. So, as children read more and more stories, they learn about how things happen in a sequence. This understanding helps them with science experiments at school where they have to be able to notice a series of changes that take place and then describe them.

**SOLVING PROBLEMS.** Reading stories to your children develops their imagination and encourages them to be creative. Creativity is very useful when you're trying to think up new ways of solving a problem – something that scientists do often!

## Izindaba nesayensi

Ngabe bewazi nje ukuthi uma izingane zifunda izindaba lokhu kuzisiza ukuthi zithuthukise izindlela zokucabanga ezibalulekile ekuphumeleleni kwezesayensi? Ukuze ube ngusosayensi, kumele ukwazi ukubuza imibuzo ethi, "kungaba njani uma ...", uqagele okunye usunolwazi bese uhlola lokho kuqagela kwakho. Izingane zidinga amathuba amaningi okuthuthukisa lolu hlobo lokucabanga – kanti izindaba ziyawaveza la mathuba.

**UKUTHATHA IZINQUMO.** Cabanga ngezindaba osanda kuzifunda kamuva nje. Kungakanani okuthole endabeni obukunikezwa ngqo? Imvamisa izindaba zikunikeza umkhondo kunokuthi zikutshela ngqo okuzokwenzeka. Isibonelo, uma ufunda into ethi, "UDan wazamula wase ecikica amehlo akhe", uyaqonda ukuthi kungenzeka ukuthi uDan wayekhathale. Ukwenza lokhu ngokusebenzisa imikhondo evela endabeni kanye nalokho okwaziyo "ngempilo uqobo" – noma kokunye ungaboni ukuthi yilokho okwenzayo! Siza izingane zakho ukuthi zithuthukise ukwazi kwazo ukucabanga ngale ndlela ngokuphawula kanye nokubuza imibuzo ngesikhathi nifunda indaba ndawonye. Isibonelo, yithi, "Ngicabanga ukuthi ukhathale. Ngabe nawe ucabanga kanjalo? Kungani usho kanjalo?"

**UKUQAGELA OKUZOKWENZEKA.** Njalo nje uma ubuza izingane zakho uthi, "Ngabe nicabanga ukuthi yini elandelayo ezokwenzeka?" lapho ufunda kakhulu, uzikhuthaza ukuthi zisebenzise lokho esezikufundile nalokho ezikwaziyo, ukuze zibikezele ukuthi yini esazokwenzeka endabeni. Ukufunda ukuqagela ngendlela eyiyo kuyingxenywe ebalulekile yokuba umfundi ophumelele. Yikhono elibalulekile lezesayensi! Ososayensi babikezela ukuthi yini abacabanga ukuthi ingenzeka uma behlola lokho abakucabangayo kusukela kulokho asebakwenzile.

**UKULANDELANISA IZIGAMEKO.** Ezindabeni, kukhona uhlelo oluthile lwendlela izinto ezenzeka ngayo: okokuqala uGoldilocks uya endlini yamabhele, bese ezama ukudla iphalishi lawo, bese ezama ukuhlala ezitulweni zawo. Ngakho, ngesikhathi izingane zifunda izindaba eziningi, zifunda uhlelo lokulandelana kokwenzeka kwezinto. Ukuqonda lokhu kusiza ukuhlola okuphathelene nesayensi esikoleni lapho okumele zikwazi khona ukubona izinguquko ezenzekayo ngokulandelana kwazo bese zizichaza.

**UKUSOMBULULA IZINKINGA.** Ukufundela izingane zakho izindaba kuthuthukisa ukwazi ukuzakhela imifanekiso yomqondo, futhi kuzikhuthaza ukuthi ziqhamuke nokusha. Ukuvela nokusha kusebenza kakhulu uma ucabanga ukuqhamuka nezindlela ezintsha zokusombulula izinkinga – nokuyinto ososayensi abayenza njalo!



Drive your  
imagination

Story Power.  
Bring it home.  
Walethe ekhaya amandla endaba.





Drive your imagination

# Your story


Towards the end of 2014, we asked you to tell us how books and stories have shaped your life and the lives of your children. Here are some of the stories you shared with us!

# Indaba yakho

Ngasekupheleni kowezi-2014, sanicela ukuthi nisishele ukuthi izincwadi kanye nezindaba ziyibumbe kanjani impilo yenu kanye neyizingane zenu. Nazi ezinye izindaba enabelane nathi ngazo!

“He is two years old, my boy. I’ve never been a big reader, but I’ve always understood the importance of stories because I work in theatre production. His mother is a bookworm though. Our house is lined with books and she makes sure that she reads to him every night. When she was out of town for three weeks, my son would pick books from the shelf and ask me to read them to him. Often it was the same books, and he would ask me to read them again and again. It shows you how important it is to be a role model for your kids ... and to see how they develop just from the way you bring them up. Stories have given me the power to support my child.”

*Diya Jacobs, Mitchell’s Plain*



“Umfana wami uneminyaka emibili. Angikaze ngibe umuntu okuthanda kakhulu ukufunda, kodwa bengisolokhu ngikuqonda ukubaluleka kwezindaba ngoba ngisebenza lapho kulungiswa khona imidlalo yeshashalazi. Kodwa unina yena uthanda kakhulu ukufunda. Izincwadi zikelile ekhaya lethu futhi uyaqinisekisa ukuthi uyamfundela njalo ebusuku. Lapho unina engekho amasonto amathathu, indodana yami iye ithathe izincwadi eshalofini bese ingicela ukuthi ngiyifundele. Bekuvame ukuba yizincwadi ezifanayo, bese ingicela ukuthi ngiyifundele ngokuphindaphinda. Kuyakhombisa ukuthi kubaluleke kanjani ukuba isibonelo esihle ezinganeni zakho ... nokubona ukuthi zithuthuka kanjani

ukusukela nje endleleni ozikhulisa ngayo. Izindaba zinginikeza amandla okweseka ingane yami.”

*UDiya Jacobs, eMitchell’s Plain*

“One of my earliest memories is learning to read with my mother. I would make her read the same book over and over until I basically learnt how to read the words with her. So, from a very young age stories created a very important time for sharing and being with each other. Stories have given me the power to share and receive knowledge and ideas.”

*Jen Thorpe, Cape Town*




“Enye yezinto engizikhumbula ebunganeni bami ukufunda ukufunda okubhaliwe nomama. Ngangimenza afunde incwadi eyodwa ade eyiphinda ngize ngikwazi ukufunda amagama naye. Ngakho kusukela ngisemncane izindaba zadala isikhathi esibalulekile sokwabelana kanye nokuba ndawonye. Izindaba zinginikeze amandla okwabelana kanye nokuthola ulwazi namacebo.”

*UJen Thorpe, eKapa*



“My son is now 8 years old. When he was 2, I took him to the Vulindlela Reading Club in Langa. I knew that if I wanted to grow a love of reading in him, I’d have to start early. For me, as a parent, it’s my responsibility to make sure that he finds the right books. That culture of reading starts with parents, and that growth happens every night after school – at home with me. Now, books are part of his everyday life. Stories give us the power to change our children’s path.”

*Tlalane Manciya, Langa*



“Indodana yami ineminyaka eyi-8. Ngesikhathi ineminyaka emi-2, ngayihambisa e-Vulindlela Reading Club eLanga. Ngangazi ukuthi uma ngifuna ukuthuthukisa uthando lokufunda kuyo, kumele ngisheshe ngiqale. Kimi, njengomzali, kuyisibophezelo sami ukuthi ngiqinisekise ukuthi ithola izincwadi ezifanele. Usiko lokufunda luqala ngabazali, futhi lokho kukhula kwenzeka njalo ebusuku ngemva kokuphuma kwesikole – ekhaya nami. Manje izincwadi ziyingxenye yempilo yayo yansuku zonke. Izindaba zisinika amandla okushintsha indlela yezingane zethu.”

*UTlalane Manciya, eLanga*

## Create your own cut-out-and-keep book

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
2. Fold it in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again.
4. Cut along the red dotted lines.


## Zakhele eyakho incwadi ozoyisika uyikhiphe bese uyigcina

1. Khipha ikhasi lesi-3 ukuya kwele-6 kulesi sithasiselo.
2. Asonge abe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
3. Asonge abe nguhhafu futhi.
4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.






kodwa zizinkulu kakhulu kuGeorge.  
but too long for George.



The plastic bags were too short for Jeff,  
Izikhwanyana zeplastiki zazimfushane  
kakhulu kuJeff,




The only way they would go out happily is if they  
were well prepared. Jeff likes to be prepared.  
They decided to make a head-to-toe raincoat  
for Jeff and, of course, a horn-to-hoof raincoat  
for George. But this was a little harder than  
they thought.  
Ukuphela kwendlela ababengaphumela ngayo  
ngaphandle bejabule ukuaba balungiselele kahle  
esimo. UJeff uyathanda ukuzilungiselela.  
Banguma ukwenza ijazi lemva likaJeff  
elimoza ukusuka ekhanda ukuya ezinzwaneni,  
kanye phele, nejazi lemva likaGeorge elimboza  
kusukela ezimpondweni ukuya ezinselweni.  
Kodwa lokhu kwaba nzima ukukwenza  
kunalokho ababekucabanga.



Penguin  
Random House  
South Africa



Penguin Random House  
offers a great selection  
of titles for little  
bookworms



Available at all good bookstores and online  
[www.penguinbooks.co.za](http://www.penguinbooks.co.za) | [www.randomstruik.co.za](http://www.randomstruik.co.za)

Extract and images taken from *Jeff and George and the totem pole* by Emily Child and Julia Anastopoulos, published by Penguin Books South Africa.

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa yizingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye iminingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)




# Jeff and George and the totem pole Ipali lethothemu likaJeff noGeorge




Emily Child  
Julia Anastopoulos

UJeff usebona izibuko zakhe zipheshulwa umoya emehlweni akhe!  
 Jeff imagines his glasses flying off his face!




UGeorge usezicabanga epheshulwa umoya!  
 George imagines being blown away by the wind!



Jeff and George were bored. It had been raining for three days and they were running out of things to do in their little Cape Town flat.

UJeff noGeorge babenesizungu. Lase line izinsuku ezintathu kanti base bephelelwe yizinto ababengazenza efulethini labo elincane laseKapa.



kanye nokuzisongelela kuGeorge.  
 and wrapping them around George.




Bazama ukuzinamathelisa kuJeff,  
 They tried sticking them to Jeff,




What a perfect day. Jeff and George were so happy. They pranked with joy, and they saved their lucky plastic totem-suits for the next rainy day.

Lwaze lwaluhle usuku. UJeff noGeorge babethokoze kakhulu. Babegxumagxuma ngenxa yenjabulo, amasudi abo ethothemu yenhlanhla base bewagcinela usuku oluzayo olunemvula.



and sticking them to George.  
nokuzinamathelisa kuGeorge.



They tried tying them to Jeff,  
Base bezama ukuzibophela kuJeff,

They could see Table Mountain again!




Base bekwazi ukubona i-Table  
Mountain futhi!

UJeff noGeorge bakhathazeka kakhulu uma isimo  
sezulu sinje, baze babe namaphupho esabisayo  
asebusuku emini nje. Lana ngamaphupho esabisayo  
asebusuku aba semini nje ngesikhathi umuntu  
ebhekile. La maphupho ayemayelana nalokho  
okungase kubehlele uma bengaya ngaphandle.

Jeff and George worry a lot when the weather  
is like this and they sometimes have daymares.  
Daymares are nightmares that happen during the  
day when you are awake. These daymares would be  
about what could happen if they went outside.  
Ikapa lingakwesabisa ebusika. Lingaba nomoya  
kakhulu, futhi lingana kakhulu. Ngesinye isikhathi  
kuba nenkungu enkulu kangangoba awukwazi  
ukubona ne-Table Mountain!

Cape Town can be a scary  
place in winter. It can be very  
windy, and it can rain very  
hard. There is sometimes so  
much mist that you can't even  
see Table Mountain!



They had already talked about rugby, because  
that's their favourite thing to talk about, jumped  
on the beds, or in George's case, pranked on  
beds because that's what springboks do ...

Base bexoxile ngebhola lombhoxo, ngoba  
leyo into abathanda ukuxoxa ngayo,  
bagxumagxuma emibhedeni, kanti uGeorge  
yena wayesegxumele emibhedeni ngoba  
yilokho okwenziwa yizinsophe ...





... futhi wenza nemifanekiso yabo emincane yamazambane.

... and made little potato versions of themselves.



... waga za zonke izitsha ezingcolile ...

... washed all the dirty dishes ...

... re-organised the fridge, or in Jeff's case, re-RE-organised the fridge, because that's what Jeffs do, ...


... base behlele kabusha ifriji, noma uJeff yena wayehlele WAPHINDA WALIHLELA ifriji futhi, ngoba ilokho okwenziwa ngoJeff, ...




Fold

Now they were ready for anything! They opened the door, ready to face the weather. All of a sudden, the rain stopped and the sun began to shine.

Manje-ke base belungele ukubhekana nanoma yini! Bavula umnyango, belungele ukubhekana nesimo sezulu. Kuthe kusenjalo yanqamuka imvula, laqala ukukhanya ilanga.



Nothing seemed to work! Until they came up with a plan. The Jeff and George totem pole! Akukho okwakusebenza! Baze baqhamba ncedo. Ipali lethothemu likaJeff noGeorge!



“Reading is part of my family culture. Stories are very important to me as a mother and as a role model to my children. We bond, get to understand our world, learn, and grow together through stories. Stories have challenged me to always seek more knowledge – I know that I’m never too old to learn. They teach good morals and values, such as love, caring, respect, unity and humility. Stories are also very motivational. Stories have shaped me into the person that I am.”

*Nompilo Mthenjana, Nongoma*



“Ukufunda kuyingxenye yendlela umndeni wami ophila ngayo. Izindaba zibaluleke kakhulu kimi njengomama kanye nomuntu oyisibonelo esihle ezinganeni zami. Siyaxhumana, futhi siyawuqonda umhlaba wethu, sifunda futhi sikhula kanye kanye ngezindaba. Izindaba bezisolokhu zingiphonsela inselele yokufuna ulwazi oluthe xaxa – ngiyazi ukuthi angisoze ngaba mdala kakhulu ukuthi ngingayeka ukufunda. Zifundisa indlela yokuziphatha kahle nokwazisa amagugu, afana nothando, ukunakelana, ukuhlonipha ukuba munye kanye nokuzithoba. Izindaba ziyakhuthaza futhi. Izindaba zingisize ukuthi ngibe yilo muntu enginguye.”

*UNompilo Mthenjana, kwaNongoma*

“I am the manager of the Rural Child Bookshop because I want to give to other children what my child has. My boy was often distracted by video games and cellphones. I made the effort to read with him, and to him, every night until the book, *The Diary of a Wimpy Kid* caught his attention. As soon as he connected with that one book, he was reading all the books on the shelf! We still read together every night. Stories have given me the power to be a better parent.”

*Janine Riddles, Mowbray*



“Ngingumphathi we-Rural Child Bookshop ngoba ngifuna ukunika ezinye izingane lokho ingane yami enakho. Indodana yami yayihlale iphazanyiswa yimidlalo yamavidiyo kanye nomakhalekhukhwini. Ngazimisela ukufunda nayo, kanye nokuyifundela njalo ebusuku yaze yahlathwa umxhwele yindaba ethi, *The Diary of a Wimpy Kid*. Yanele yaxhumana naleyo ncwadi, yase ifunda zonke izincwadi eziseshalofini! Sisafunda ndawonye njalo ebusuku. Izindaba zinginikeza amandla okuba umzali ongcono.”

*UJanine Riddles, eMowbray*



## Give-away!

Would you like to own a copy of *Jeff and George and the totem pole*, or a “Jeff and George” T-shirt? Then enter our lucky draw by sending your name, postal address and whether you would like an English or Afrikaans copy of the book to [info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org), or fax it to 021 448-0991 by 28 February 2015.

## Okuphiwayo!

Ngabe ungathanda ukuba nencwadi yakho ethi; *Jeff and George and the totem pole*, noma isikibha esinesithombe sikaJeff noGeorge? Vele ungenele umncintiswano ngokuthumela igama lakho, nekhele lakho leposi nokuthi ungathanda yiphi incwadi phakathi kweyesiNgisi neyesiBhunu ku-[info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org), noma ngefeksi ku-021 448-0991 kungakedluli umhla zingama-28 kuNhlohlolanya wezi-2015.



Penguin  
Random House  
South Africa

## Nal'ibali on radio!

Enjoy listening to stories in isiZulu and in English on Nal'ibali's radio show:

Ukhozi FM on Monday and Saturday from 9.20 a.m. to 9.30 a.m.

SAfm on Monday to Wednesday from 1.50 p.m. to 2.00 p.m.



## UNal'ibali usemsakazweni!

Thokozelani ukulalela izindaba ngesiZulu nangesiNgisi ohlelweni lomsakazo lakwaNal'ibali:

Ku-UKhozi FM ngoMsombuluko nangoMgqibelo kusukela ngo-9.20 ekuseni ukuya ku-9.30 ekuseni.

Ku-SAfm ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu kusukela ngo-1.50 emini ukuya ku-2.00 emini.

## Story corner

Here is a new story for you to read or tell. It is about how a young boy helped Baboon and Monkey learn an important lesson.

### Phindulo and the pumpkin (Part 1) By Kai Tuomi

The sun looked like a small ripe melon in the sky high above Phindulo's head. He liked to walk through the bush and listen to the birds singing in the trees. But today was different. There was a big noise coming from deep in the bush. It sounded like an argument.

Phindulo followed the noise until he came to a clearing. In the middle of the clearing, he saw Baboon and Monkey shouting at each other. He also saw an E-N-O-R-M-O-U-S pumpkin. Baboon and Monkey stood on either side of the pumpkin. Baboon showed his big teeth and Monkey chattered and shook his head. They both looked very angry.

"Hello," said Phindulo. "What's going on?"

"Phindulo," said Monkey, "Baboon is being greedy."

"Oh, please," said Baboon. "Monkey is being greedy."

"I saw it first," said Monkey. He waved his little fist towards the pumpkin.

"Whoa," said Phindulo. "Stop! I thought you two were friends?"

"Well, uh mmm," said Monkey. "Look, we were out walking when I saw this big pumpkin here. We both ran for it and Baboon got to it first. Now he says that it's his pumpkin."

"It is my pumpkin!" said Baboon. "I touched it first, so it's mine."

"Well, I saw it first. You would have walked right past it if it wasn't for me!" said Monkey.

"Oh, please," said Baboon.

"And now what?" asked Phindulo. He sat down on the grass in front of them. After a long time he said, "Gosh! That is a very big pumpkin."

"We already know that," said Baboon and Monkey rolling their eyes.

"It reminds me of our apple tree," said Phindulo.

"Your apple tree?" asked Monkey frowning. "What are you talking about, Phindulo?"

"Well," said Phindulo, "just last year, the apple tree in our garden grew so many apples that every cupboard and basket in the house was filled with apples. And no matter how many we ate and made into pies, there were still too many for my mama, my tata and me. It's sort of like this pumpkin."

**Find out next week what they decide to do with the big pumpkin!**

## Ikhona lezindaba

Nansi indaba entsha ozoyifunda kakhulu noma ozoyixoxa. Imayelana nomfanyana owasiza uMfene noNkawu ukuthi bafunde isifundo esibalulekile.

### UPhindulo nethanga (Ingxenye yoku-1) Nguka Kai Tuomi

Ilanga lalibukeka njengekhaba elincane elivuthiwe ezulwini phezu kwekhanda likaPhindulo. Wayethanda ukuhamba ehlathini nokulalela izinyoni zicula ezihlaheni. Kodwa kwakuwusuku olwehlukile lolu. Kwakunomsindo omkhulu oqhamuka phakathi ehlathini. Wawuzwakala njengowabantu abaphikisanayo.

UPhindulo walandela umsindo waze wafika eshashalazini elivulekile. Phakathi neshashalazi, wabona uMfene noNkawu bethethisana. Wabona nethanga E-L-I-K-H-U-L-U futhi. UMfene noNkawu babemi ngapha nangapha kwehanga. UMfene wayeveze amazinyo akhe amakhulu kanti uNkawu yena wayevulela emlonyeni enikina nekhandla lakhe. Bobabili babebukeka bethukuthele kakhulu.

"Sanibonani," kusho uPhindulo. "Kwenzakalani la?"

"Phindulo," kusho uNkawu, "uMfene ubulawa ukuba igovu."

"Kahle-ke," kusho uMfene. "UNkawu oyigovu."

"Ngilibone kuqala," kusho uNkawu.

Waphakamisa inqinjana yakhe ekhomba ithanga.

"Ake niithule," kusho uPhindulo. "Yimani! Bengithi nina nobabili ningabangani nje?"

"Empeleni, e e," kusho uNkawu. "Bheka, besizihambela nje ngesikhathi ngibona leli thanga elikhulu la. Sagijima sobabili siqonde kulo, kwaba uMfene ofika kuqala kulo. Manje uthi yithanga lakhe."

"Yithanga lam!" kusho uMfene. "Ngilithinte kuqala, ngakho elami."

"Empeleni, yimina olibone kuqala. Ngabe uledlulile ukuba angilibonanga!" kusho uNkawu.

"Kahle-ke," kusho uMfene.

"Into ezothi wani kodwa le?" kubuza uPhindulo. Wahlala phansi otshanini phambi kwabo. Emva kwesikhathi eside wathi, "Yehheni we bantu! Laze lalikhulu ithanga."

"Sesiyakwazi lokho," kusho uMfene noNkawu bezingqa amehlo abo.

"Lingikhumbuza isihlahla sethu samahhabhula," kusho uPhindulo.

"Isihlahla senu samahhabhula?" kubuza uNkawu. "Usho ukuthini, Phindulo?"

"Empeleni," kusho uPhindulo, "nyakenye, isihlahla samahhabhula esisegcekeni lakithi sathela kakhulu kangokuthi kwagcwala amahhabhula kuwo wonke amakhabethe kanye nobhasikidi abakhona endlini. Kanti akuzange kwenze mehluko ukuthi sasidla amangaki, senze amanye abe wuphaya wamahhabhula, aye maningi kakhulu ukuthi angadliwa umama, ubaba kanye nami. Lokhu kufuze indaba yaleli thanga."

**Thola ngesonto elizayo ukuthi banquma ukwenzenjani ngethanga!**



Illustration by Natalie and Tamsin Hinrichsen  
Umdwebo wenziwe nguNatalie noTamsin Hinrichsen

Are you on Mxit? Download our Nalibali app for literacy tips, polls and stories in a range of South African languages to enjoy on your mobile phone. Go to <http://m.mxit.com>. Then, go to **Discover>Apps>Search** and type **nalibali** to get started.



**Find us on Facebook:  
Sithole ku-Facebook:  
[www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)**

Ngabe ukuMxit? Thwebula ngesiza yekhompyutha, insiza yakwaNalibali yamacebo okwazi ukufunda nokubhala, izinhlobo kanye nezindaba ezingezilimi ezahlukeni zaseNingizimu Afrika ozozithokozela kumakhalekhukhwini wakho. Yana ku-<http://m.mxit.com>. Bese uya ku-**Discover>Apps>Search** bese ubhala ukuthi **nalibali** ukuze ukwazi ukuqala.

Supplement produced by The Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA) and Times Media Education. Translated by Busisiwe Pakade. Nalibali character illustrations by Rico.



Drive your  
imagination

Daily Dispatch

The Herald

Sunday Times

SundayWorld